

Izinsiza kufundisa zalezi zincwadi

Izindaba zika Nokuthula

Iphutha
likaMbube!

Obani laba
abalapha
ethempeleni?

Ibhalwe nguNokuthula Mvubu
Imidwebo nguSarah Richards

UMahlase uvakashela edolobheni



Ibhalwe nguCedric Xulu
Imidwebo nguJeff Rankin

Amagugu

Amaculo nemilozelo -
incwadi yokufunda



Ibhalwe ngu
Nozizwe Madlala

Imidwebo ngu
Lesley Lewis


Umndeni wakwaNkosi



Ibhalwe uElda Lyster
Imidwebo uJeff Rankin

Imali Kamalume

Ibhalwe nguPhumla Dlamini
Imidwebo nguAfan Keatinge



Inkinga kaNompi noThemba

Ibhalwe nguNozizwe Madlala
Izithombe nguTed Brien

NEW READERS PUBLISHERS

Izinsiza kufundisa zalezi zincwadi

Izindaba zikaNokuthula

Amagugu

Umndeni wakwaNkosi

Imali kamalume

UMahlase uvakashela edolobheni

Inkinga kaNompi noThemba

Yonke imibhalo yesiZulu ekulencwadi iphindwe ngesiNgisi ngemumva kulencwadi. Lokhu kuhlose ukusiza othisha abangasikhulumi kahle isiZulu kanye nokuthuthukisa ulwazi lwesiNgisi kulabothisha abakhuluma isiZulu.

The entire Zulu text of this book is repeated in English at the back of this book. This is intended to be of assistance to teachers who are Zulu second language speakers and to improve the English language skills of Zulu speaking teachers.

Okuphakathi

Isingeniso	4	
Amacebo ajwayelekile okusebenzisa izincwadi ekilasini		
Imisebenzi ongayenza ngaphambi kokufunda incwadi	5	
Izindlela ezihlukene zokufunda izincwadi ekilasini	5	
Emva kokufunda	7	
Izivivinyo zabafundi kanye nemilayezo yothisha		
Isingeniso sothisha	9	
Izindaba zikaNokuthula	11	
Amagugu.....	23	
Umndeni wakwaNkosi	27	
Imali kamalume	37	
UMahlase uvakashela edolobheni.....	45	
Inkinga kaNompi noThemba	51	
Ku-ABET Level 1 Imiphumela yamaqophelo ezolimi nokuxhumana esezivivinyweni (Language, Literacy and Communications outcomes)		56
Amacebo emisebenzi yasekhaya	58	

Isingeniso

Leli bhukwana liqukethe –

- ◆ Amasu ajwayelekile okusebenzisa izincwadi ekilasini
- ◆ Izivivinyo zabafundi kanye nemiyalezo yothisha
- ◆ Imiphumela yamaqophelo ezolimi nokuxhumana (*Language and communications standards*) esezivivinyweni
- ◆ Amasu okwenza umsebenzi wasekhaya.

Isigaba 1, ***Amacebo ajwayelekile okusebenzisa izincwadi ekilasini***, siqukethe amasu kanye nemibono ngemisebenzi eyahlukene uthisha angayenza nabafundi ekilasini ngaphambi kokuba afunde, ngenkathi efunda kanye nangemva kokuba esefundile.

Isigaba 2, ***Izivivinyo zabafundi nemiyalezo yothisha***, sinezingxenye ezimbili – izivivinyo zabafundi ekhasini elikwesokudla kanye nemiyalezo yothisha ekhasini elikwesobunxele. Lezi zivivinyo zenzelwe ukulungisela abafundi ukuhlolwa kwezinga lokuqala le-*ABET* kanye nokwenza ngcono indlela abafunda ngayo kanye nokukhuthalela ukufunda kubafundi bolimi okungelona lebele kanye nabafunda ukubhala nokufunda. Izivivinyo ezikule ncwadi zisuselwa ezindabeni eziyisithupha zesiZulu ezenziwe lula ukuzifunda ezishicilelwe ngabakwa-*New Readers Publishers* ezinconyelwa ukuba zifundwe ngabafundi abasaqala ezifundweni zesiZulu ze-*Asifunde*. Lesi sigaba siphinde siqukathe namanothi abanzi nahlukene angasetshenziswa nguthisha wolimi nofundisa ukufunda nokubhala, kanye neziqeshana zemisebenzi zabafundi (ezingagaywa zandiswe). Lezi zivivinyo zingabhalwa nasebhodini. Komele ukuba abafundi bafunde izincwadi ukuze bakwazi ukwenza izivivinyo.

Imiphumela yamaqophelo ezolimi nokuxhumana esezivivinyweni isesigabeni esilandelayo (Isigaba 3). Abafundi abazifundayo izincwadi benze nezivivinyo bayofunda okulindeleke ngokwemiphumela yamaqophelo ezolimi nokuxhumana okumele yenziwe ngabafundi bezinga lokuqala le-*ABET*.

Isigaba sokugcina, ***Amacebo okwenza imisebenzi yasekhaya***, siqukethe imisebenzi yangempela edinga ukuba abafundi basebenzise amakhono abo okufunda nokubhala ezimpilweni zabo zansuku zonke. Ngaleyo ndlela, bayozijwayeza ukusebenzisa amakhono okufunda nokubhala ngaphandle kwasekilasini.

Amacebo ajwayelekile okusebenzisa izincwadi ekilasini

Ziningi izinto ongazenza nabafundi bakho ukuthuthukisa uthando lwencwadi ethize nokufunda nje kukodwa. Ziningi izinto ongazenza ezahlukene ngaphambi kokufunda incwadi, uma usufunda noma usuqedile ukufunda incwadi.

Imisebenzi ongayenza ngaphambi kokufunda incwadi

Chazelana nabafundi ngokuthi yini ebahehile kule ncwadi, futhi, kungani bekhethe le ncwadi abafuna ukuyifunda.

Cela abafundi bakukhombise umbhali wencwadi, umdwebi wezithombe, abashicileli kanye nolimi ebhalwe ngalo le ncwadi nezinye-ke nje izinto eziphathelene nale ncwadi. Lokhu kusiza abafundi ukuthi bezwe ubunzima ekwakhweni kwale ncwadi.

Bacele ukuthi abaqagele ukuthi le ncwadi imayelana nani ngokubuka amanqampunqampu angemumva encwadini, kuzoba lula kubona ukuyifunda le ncwadi. Khumbula, ukuqagela kumele kube nomqondo kunokuba "kuyihlabesikhonkosini".

Izindlela ezihlukene zokufunda izincwadi ekilasini



Uthisha efundela phezulu

Abafundi bathembele kuwena ukuthi ubafundele kahle, ngakho-ke kumele kube yinjwayelo ukufundela abafundi bakho. Ukufundela phezulu bezwe bonke abafundi kukhombisa abafundi ukuthi ukufunda kubalulekile. Ukuhlangabezana nezincwadi okunzima ukuzifundela ngabodwa kwenza abafundi bajwayele izindlela ezihlukene zenkulumo noma nendlela yengxoxo ezisetshenziswayo.

Kufanele uzimisele futhi uzwele uma ufunda. Uma usabafundela okokuqala abafundi, akumele uphazamiseke, ufunde ngezinga elejwayelekile – wenzele ukujabulisa kanye nokuheha abafundi.



Ukufundela ngaphakathi/ukufunda ngamunye

Abafundi baba ngabafundi abangcono ngokufunda nje kuphela. Abafundi kumele banikwe isikhathi sokuzifundela bebodwa. Ukuzifundela wedwa incwadi kwenza ngcono amakhono abafundi okufunda nokuqonda.

Ukulandela ukuthi uzifundela kanjani umuntu uma eyedwa akubalulekile kakhulu. Ngesinye isikhathi ungatshela abafundi ukuthi baphendule into akade beyifunda ngokuthi babhale phansi. Ngesinye isikhathi ungathi abafundi abaxoxe ngento akade beyifunda, nokuthi bacabangani ngale nto akade beyifunda.



Abafundi befundela phezulu

• Bonke bafunde kanye kanye

Umfundi ngamunye kumele abe nencwadi yakhe. Bafunde ndawonye njengekilasi noma ngamaqoqwana.

Endabeni enezigigaba ezilandelanayo futhi ezibonakalayo, umbhalo ungaba ungabhalwa eceleni ephepheni, bese unanyathiselwe odongeni. Izithombe nazo zinganwetshwa bese zinanyathiselwa odongeni. Imibhalo kanye nezithombe kungafundwa kakhulu ngabafundi. Imibhalo kanye nezithombe kungahluzwa kamuva ukubonisa abafundi inhloso, ukwakheka kwamaqhinga kanye nokulandeleka kwezigigaba zendaba.

• Ukufunda ngokuhlanganyela

Ufundela phezulu bese abafundi belandela ezincwadini zabo.

Ungama ukufunda bese utshela umfundi ukuthi afunde umusho noma indima elandelayo. Ungafunda iziqeshana zombhalo futhi, noma ume bese ubeka umbono, noma ume uxoxe ngento oyifundayo.

• Ukufunda ngababili

Uma incwadi inombhalo ojwayelekile, ungahlanganisa abafundi abanamazinga ehlukene okufunda bafunde ndawonye. Bafunda umusho noma indima kanye kanye. Uma kusetshenziswa le ndlela, lo mfundi onezinga eliphansi lokufunda, ufunda ingxenye enkulu yombhalo ngesikhathi. Lokhu kwandisa ithuba lokuthi uzwe ukuthi yini efundwayo. Le ndlela ikhombisa lo mfundi ongakwazi kahle ukufunda indlela yokufunda.

• Ukulingisela into efundwayo

Abafundi baphinde amagama ashiwo nguthisha noma afundwe ngomunye umfundi. Lena indlela ewusizo kakhulu yokusiza abafundi abathola ubunzima.

Emva kokufunda

Fingqa indaba

Cela abafundi bafingqe indaba noma bayixoxe ngendlela yabo. Ngale ndlela ungakwazi ukubona ukuthi bazwile yini ukuthi incwadi ikhuluma ngani. Abafundi bangabuza imibuzo ngezinto abangazizwanga endabeni.

Incwadi exoxwa ngokomuntu othize

Xoxa nabafundi ngokuthi le ncwadi ibhalwe ngokukabani. Chazelanani ngomuntu le ncwadi ebhalwe ngaye nokuthi kuyithinta kanjani le ndaba.

Ukuxoxwa indaba ngokudedelana

Bhala isingeniso sendaba ephetheni bese utshela umfundi ngamunye ukuthi engeze ngemisho emibili. Ungayisebenzisa le ndaba efundwe ekilasini noma uzicabangele wena. Uma abafundi bakho bengakakulungeli ukubhala into eningi, ungakwenza lokhu ngomlomo.

Ukulingisa indaba

Ezinye izindaba zigcina zilingisiwe. Lokhu kusebenza kangcono uma kunabadlali abambalwa endabeni noma indaba inezigigaba.

Izindaba zingalingiswa ngaphandle kokusho amazwi afana nasencwadini. Abafundi bangalingisa le ndaba besebenzisa amagama abazicabangele bona. Lena indlela elula yokubona ukuthi abafundi bayazi ukuthi kwenzakalani encwadini, inikeza abafundi ithuba lokusebenzisa amagama asencwadini.

Uthisha ucela abafundi ukuthi kumele badlale yiphi indawo endabeni. Kwesinye isikhathi anga cela umfundi oyedwa ukuba axoxe le ndaba. Umxoxi uzoyifunda indaba abanye abafundi babe beyidlala njengomdlalo weshashalazi.

Enye indlela yokulingisa le ndaba ukuthi umfundi ngamunye abe nencwadi, afunde amagama ashiwo yilowo adlala indawo yakhe ngesikhathi elingisa. Lona oxoxayo angavele afunde incwadi nje kuphela njengazo zonke lezi zindawo ezingalingiseki.

Xoxani ngabalingiswa kanye nendikimba yendaba

Uma nixoxa ngabalingiswa kanye nendikimba abafundi basizakala ngokuthi basho ukuthi bona bacabangani bese bezisekela ngokubhalwe encwadini.

Umsebenzi wathisha:

- ◆ Ukugqugquzela ingxoxo
- ◆ Ukugqugquzela ukusebenzisa umqondo yindlela elula ukwesekela imibono.

Inhloso ukukwazi ukubona ukuthi kugcinwe kuvunyelwane ngombono owodwa noma okathisha.

Abalingiswa

Abadlali sibazi ngokuthi bathini, benzani noma bacabangani. Indaba yenziwa abadlali abahlukene ukuze ibe mnandi bese bekhombisa into eyenzeka endabeni.

Izibonelo zemibuzo engabuzwa ngabadlali:

- ◆ Ngubani umdlali ophambili kule ndaba?
- ◆ Yini ucabange kanjena?
- ◆ Bazizwa kanjani abanye abadlali endabeni?
- ◆ Ukwazi kanjani lokhu? (Benzeni, batheni noma bacabangeni?)

Indikimba

Ngaphambi kokuba nixoxe ngendikimba, cabanga ngale ndaba bese ubheka ukuthi ungabona ukuthi iyiphi indikimba. Kumele ukugweme ukukhuphula amaphaphu abafundi. Khumbula ukuthi bangabantu abadala.

Uma usuzihlonzile izindikimba zale ndaba, cabanga imibuzo engaxhumana nalezi zindikimba bese wenza uhlu lwale mibuzo ukuze ikusize ngesikhathi nixoxa ngezindikimba zale ndaba. Akumele ucele abafundi ukuthi bazitholele bona izindikimba zale ndaba ngoba kuyinto enzima kakhulu futhi edinga ukuzimisela.



Ukubuyekezwa kwezincwadi ngomlomo noma ngokubhalwa phansi

Ungatshela abafundi bakho babhale noma bacubungule le ncwadi abayifundile. Lokhu kungaba impendulo ehlahlelwe indlela – ngamanye amazwi, abafundi banganikwa imibuzo ekufanele bayiphendule. (Isibonelo: "Uyithandile yini le ncwadi? Iziphi izizathu zempendulo yakho?" noma "Ngubani omunye ekilasini ongayithokozela le ncwadi? Yiziphi izizathu zempendulo yakho?").

Ukubuyekezwa kwezincwadi kungaba yindlela enhle yokwenza abafundi bagqugquzelane ukuthi bafunde.

Izivivinyo zabafundi kanye nemilayezo yothisha

Isingeniso sothisha

Lezi zincwadi zenzelwe othisha ukuze balungisele abafundi babo ukuthi babhale izivivinyo zabo zebanga lokuqala ku-ABET. Zonke izincwadi ekuthathelwe kuzo lezi zivivinyo zishicilelwe ngabakwa-New Readers Publishers abayingxenye e-School of Adult and Higher Education, eNyuvesi yaKwaZulu-Natali, eThekwini.

Izindaba zikaNokuthula ebhalwe nguNokuthula Mvubu

UMahlase uvakashela edolobheni ebhalwe nguCedric Xulu

Amagugu ebhalwe nguNozizwe Madlala

Imali kamalume ebhalwe nguPhumla Dlamini

Umndeni wakwaNkosi ebhalwe ngu-Elda Lyster

Inkinga kaNompoti noThemba ebhalwe nguNozizwe Madlala


Incwadi nencwadi inezivivinyo ezahlukene. Othisha kumele bakhululeke ukwengeza lezi zivivinyo, ngendlela ababona ingcono kubafundi babo. Uma abafundi benza izivivinyo eziningi, bathola ulwazi oluningi mayelana nokufunda nokubhala, okuzobenza babe sezingeni elifanele ukuze bahlolwe ebangeni lokuqala. Othisha bangasebensiza ezinye zezivivinyo ezitholakala lapha njengesibonelo ukuze benze ezabo izivivinyo kwezinye izincwadi. Isibonelo, indatshana ethi *Imali kamalume* inemibuzo eminingi eyahlukene okumele ukhethe impendulo ekuyiyo (*multiple choice*), kodwa othisha bangazenzela le mibuzo nakwezinye izincwadi.

Abafundi bangazenza cishe zonke lezi zivivinyo ngamunye noma ngababili. Kodwa-ke, kubalulekile ukuthi othisha bakhumbule ukuthi abafundi bayobe bebodwa uma sebhlolwa kwa-ABET Level 1. Lokhu kuchaza ukuthi abafundi kumele bazijwayeze ukuzenzela lezi zivivinyo sebebodwa ngaphambi kokuba babhalele ukuhlolwa kwabo. Uma abafundi bengazethembi bangasebenzisana ngababili bese osukwini noma esontweni okulandelayo baphinde benze umsebenzi ngayedwana. Abafundi abavumelekile ukukopela lo msebenzi abawenze ngababili.

Isingeniso sothisha

Ngaphambi kokuba benze umsebenzi, abafundi kumele baqale ngokufunda incwadi. Ekuqaleni kwezivivinyo, uthisha kumele aqiniseke ukuthi abafundi bayazi ukuthi kumele benzeni ukuqeda umsebenzi bese emva kwalokho uthisha usengabadedela abafundi benze lo msebenzi ngaphandle kosizo lwakhe. Ngisho kungathatha isikhathi eside, abafundi bathola ulwazi oluningi umabesebenza ngaphandle kosizo lukathisha. Ukudedela abafundi bathole ubunzima obuncane, kungaba yinkinga kwabanye othisha. Kodwa bonke othisha kumele baqonde uma sekufundwa okwangempela, bakhumbule ukuthi kujwayelekile ukusebenza kalula uma usuke wasebenza kanzima. Enye yezinto okumele uthisha azazi ukuthi angabasizi nini abafundi. Siyethemba ukuthi lezi zivivinyo zizofundisa othisha ukuthi bakwazi ukuyekela abafundi babo bazenzele bodwa umsebenzi.

Uma ufuna ukusebenzisa lezi zivivinyo, ungenza amakhophi noma uzibhale ebhodini.



Imilayezo yothisha

Ukuthuthukiswa kobuhlakani bokubona (Visual Literacy)

Iningi lezivivinyo ezikulencwadi zisuselwa ezithombeni ezisezincwadini ezifanelekile. Inhloso yalezizivivinyo ukuqeqesha abafundi ukuchaza nokubhala ngezithombe. Xoxisana nabafundi ngezindlela ezihlukene incazelo yezithombe engaqondwa ngayo ezimweni ezihlukene nangabantu abahlukene.

Ukubhala indaba ususela izithombeni

Ezingeni lokuqala abafundi babhekeke ukuthi bakwazi ukubhala izindima ezintathu kuya kweziyisithupha. Kunzima ukubhala indaba emfishane kangaka. Kubalulekile kulelizinga ukuthi abafundi batshengiswe ukuthi izindima ezihluzekile zibhalwa kanjani. Indima ehluzekile kumele ibenephuzu elilodwa. Indaba ehluzekile kumele ibenezindima ezinamaphuzu anomqondo olandelekayo kusuka endimeni yokuqala kuze kufike kweyokugcina.

1. Imibuzo emayelana nale ncwadi:

a. Zingaki izindatshana ezitholakala kule ncwadi?

b. Zithini izihloko zazo?

c. Ubani umbhali walezi zindatshana?

d. Ubani umdwebi wezithombe ezikule ncwadi?

e. Ubani umshicileli wale ncwadi?

f. Lencwadi inamakhasi amangaki?

Imilayezo yothisha

Umbuzo I

Uma wonke umuntu esebhale impendulo yakhe, bacele batshelane bodwa ukuthi babhaleni.

Uzothola ukuthi bazofuna ukuzishintsha izimpendulo zabo uma zingafani nezabanye. Ungabayeka bakwenze lokho I a. uma bengawutholanga, kodwa I b. bangabhala izinto ezahlukene. Abanye bangathi uyindoda efukuzayo futhi ewalandelayo amasiko akhe ngoba akalindi ukumenywa futhi uyazithandela inyama notshwala. Noma bangathi uwumuntu obathandayo abantu. Abanye bangathi uyindoda engacabangi futhi enomona. Ziningi izinto abangazithola encwadini ezichaza uMbube. Ziningi izimpendulo ezahlukene futhi eziyiqiniso. Uma nje abafundi bephendula ngento esencwadini, kumele ubancome. Ubakhumbuze ukuthi kwezinye izindawo kuye kube nempendulo eyodwa, kwezinye kube nezimpendulo eziningi ekuyizo.

I c. abafundi kumele baphendule ngemibono yabo. Nebala izimpendulo zabo ngeke zifane. Abafundi kumele bazijwayeze ukuba babhale umbono wabo ngalezi zivivinyo zika-*Asifunde! Incwadi Yabafundi*, ubagququzele ukuthi babeke imibono yabo lapha kule mibuzo. Kubaluleke kakhulu ukuba abafundi bazethembe ekubekeni imibono yabo ikakhulukazi uma yehlukile kweyabanye. Uma abafundi bakho bebhale imibono eyahlukene, kumele ubancome ngokubhala izinto ezisemiqondweni yabo.

Indatshana 1: Iphutha likaMbube

1. Phendula lemibuzo elandelayo:

- a. Yiliphi iphutha elenziwa uMbube encwadini esihloko sithi *Iphutha likaMbube*?

- b. UMbube umthola eyindoda enjani?

- c. Yini eyenza indatshana *Iphutha likaMbube* ibe yindaba ehlekisayo?

2. Bheka isithombe esisekhasini 11 bese ugcwalisa izikhala:

- a. Esithombeni kunabesifazane ababili. Benzani laba besifazane?
Ba _____.

- b. Esithombeni, enye yamadoda iphethe _____.

- c. Enye indoda _____, bese kuthi eyesithathu
i _____.

3. Bheka isithombe esisekhasini 11 bese ubhala indatshana:

Lesi sithombe esisekhasini 11 sithathwe endabeni ethi *Iphutha likaMbube*:

Kulesi sivivinyo, ungacabangi ngaleyo ndaba. Kulesi sivivinyo bhala indatshana yakho entsha ngalesithombe. Endabeni entsha, indoda ephethe iwisa inguyise wale ndoda ebalekayo. Cabanga indaba ngokuthi kungani le ndoda ibalekela uyise ngalolu hlobo. Bhala indaba. (Azikho izimpendulo eziyiqiniso kulesi sivivinyo. Ungabhala noma yini kodwa kube mayelana nebhungu elibalekela uyise, khona izohambisana nesithombe.)

4. Bheka isithombe esisekhasini 5 bese ubhala indatshana:

Lesi sithombe sithathwe endabeni ethi *Iphutha likaMbube*. Kulesi sivivinyo, ungacabangi ngaleyo ndaba. Kulesi sivivinyo kumele ubhale indaba yakho entsha ngalesi sithombe.

Endabeni yakho entsha, indoda eyodwa ixoxela amanye indaba ende. Yetha le ndoda igama. Bhala indaba ngokuthi iwaxoxelani la madoda. Khumbula ziningi izimpendulo, kodwa indaba yakho kumele ibe mayelana nento exoxwa yile ndoda ukuze indaba yakho ihambisane nesithombe.

Imilayezo yothisha

Umbuzo 1

Yenza abafundi baqhathanise izimpendulo zabo komunye nomunye. Uma bethole izimpendulo ezahlukene, kumele ukuba babheke endabeni bese bebhaka ukuthi iyiphi impendulo okuyiyona elungile. Ungabavumeli bathembele kuwe (wena thisha) ukuba ubatshela.

Umbuzo 2

Uzodinga ibalazwe laseNingizimu Afrika namanye amazwe awomakhelwane ukuze abafundi baphendule le mibuzo elandelayo. Kungadingeka ukuthi ubachazele abafundi ukuthi ibalazwe liyisithombe sendlela izwe elime ngayo. Kungasiza ukukhombisa abafundi lezi zindawo abazaziyo futhi ubakhombise ukuthi amanye abawaziyo asondelene kangakanani nokuthi imigwaqo isondele kangakanani. Yenza abafundi bakho baphendule le mibuzo ngokubuka ibalazwe ngaphandle kokuthola usizo lwakho. Uma abafundi besibona sinusizo lesi sivivinyo, cabanga eminye imibuzo abangayiphendula ngokuthola imininingwane ebalazweni.

Umbuzo 3

Cela abafundi bakho ukuba bazithathe njengoMnu. noma uNkosikazi Dlamini. Bacele ukuthi ababhale incwajana eya kumfundisi wabo bachaza noma baxolisa ngesenzo esenziwa wuNgubane. Qikelela ukuthi abafundi babhala le ncwajana kube sengathi ivela kuMnu. noma uNksz. Dlamini hhayi kubona. Kufanele bazenze uNksz. noma uMnu Dlamini ngenkathi bebhala.

Khumbuza abafundi ukuthi kumele bafake ikheli esandleni sokudla phezulu uma bebhala leyo ncwadi. Batshela ukuthi mabadwebe imvelophu bese befaka ikheli abacabanga ukuthi umfundisi wabo uyalisebenzisa. Phinda futhi ubanxuse ukuba baphinde badwebe isitembu esihlotshisiwe bese besifaka ngaphandle kwaleyo mvelophu abayenzile lapho kumele bayifake khona.

Indatshana 2: Obani laba abalapha ethempeleni?

1. Gcwalisa ngamagama afanele ezikhaleni:

a. Umndeni wakwaNgubane wavakashela eSwazini ukuyobona

_____.

b. Ba_____ngemoto.

c. Ngesonto, _____ wabacela ukuthi baye esontweni.

d. UNgubane wavuma yize _____.

e. _____ wayesaba ukuphoxa umndeni wakhe.

f. Umfundisi waqala inkonzo ngokucela ibandla ukuba

_____.

g. UNgubane yena wayecabanga ukuthi umfundisi ubacela

ukuthi _____.

h. Wasukuma wachaza ukuthi yena nomndeni wakhe babe

_____.

i. _____ bacabanga ukuthi kwakuyihlaya.

j. Ngenkathi umfundisi ephinda ememezela iculo, uNgubane wathatha umndeni wakhe ukuthi

_____.

2. Buka ibalazwe bese uphendula lemibuzo:

a. Kungabe iSwazini iseNingizumu Afrika?

b. Isho igama ledolobha elilodwa elitholakala eSwazini?

c. Ekhasini 15 lale ncwadi sibona umndeni wakwaNgubane usuphuma emngceleni waseSwazini. Yimaphi amazwe asebenzisa umngcele waseSwazini ?

d. Nikeza amagama awo wonke amazwe asebenzisa umngcele waseNingizimu Africa.

e. Thola igama ledolobha elilodwa kulelo nalelo la lamazwe.

3. Bhala incwadi emfushane:

Cabanga ukuthi unguMnumzane noma uNkosikazi Dlamini. Bhala incwajana eya kumfundisi ukuchaza noma ukuxolisa ngesenzo esenziwa wuNgubane.

4. Bheka isithombe esisekhasini 27, bese uqedela lomusho:

Kulesi sithombe kunendoda, inkosikazi kanye nezingane ezintathu. Babalekela _____.

5. Bheka isithombe esisekhasini 27, bese ubhala indatshana yakho:

Lesi sithombe sithathwe endabeni ethi *Obani laba abalapha eThempeleni?* Kulesi sivivinyo ungacabangi ngaleyo ndaba. Kulesi sivivinyo kumele uqambe indaba entsha ngalesi sithombe.

Endabeni yakho entsha, abantu abasesithombeni babone into esontweni ebathusile. Bhala indaba ngokuthi baboneni esontweni. Khumbula ziningi izimpendulo eziyiqiniso, kodwa indaba yakho kumele ibe mayelana nento eyenze abantu babaleka ukuze ihambisane nesithombe.

6. Bheka isithombe esisekhasini 17, bese ubhala indatshana yakho:

Lesi sithombe sithathwe endabeni ethi *Obani laba abalapha ethempeleni?* Kulesi sivivinyo, ungacabangi ngaleyo ndaba. Kulesi sivivinyo kumele ubhale indaba entsha yakho ngalesi sithombe.

Endabeni yakho entsha, abadala esithombeni bahlobene kakhulu kodwa babonana okokuqala emva kweminyaka engamashumi amabili. Izingane azikhulumi ulimi olulodwa nabantu abadala abaphuma kulo muzi.


Bhala indaba echaza izinto ezintathu:

- ◆ Obani laba bantu abadala, futhi bahlobene kanjani
- ◆ Kungani kade bengabonani iminyaka engamashumi amabili
- ◆ Kungani izingane zikhuluma ulimi olwehlukile.

Khumbula ukuthi ziningi izimpendulo, kodwa indaba yakho kumele ichaze izinto ezintathu futhi kumele ihambelane nalesi sithombe.

Amagugu

Amaculo nemilolozelo -
incwadi yokufunda



Aqoqwe ngu
Nozizwe Madlala

Imidwebo ngu
Lesley Lewis

Imilayezo yothisha

Umbuzo 2

Cela abafundi bakho bakhethe iculo elilodwa noma ngaphezulu kule ncwadi, bese bebhala ukuthi iculo lithini.

Ungasenza lesi sivivinyo sihambisane namakhono abafundi ngoba abafundi banamakhono angefani.

Abafundi abangakwazi ukusheshisa, bangabhala nje umusho owodwa wokusho ukuthi iculo limayelana nani.

Abafundi abakwaziyo ukubhala ngaphezu kwalokho, bangabhala okuthe xaxa ngeculo, isibonelo lenzelwe obani (izingane, abasebenzi, isizwe, njalonjalo), bachaze nezimo lapho lingazwakala khona liculwa.

Umbuzo 3

Buza abafundi bakho ukuthi abakaze yini bacule amaculo abhalwe kule ncwadi emindenini yabo noma emphakathini. Bacele ukuba babhale indima ngalelo nalelo culo abalaziyo. Kuleyo ndima, kumele basho ukuthi balizwaphi, balicula nini noma yini elibakhumbuza khona.

Umbuzo 4

Khuluma nabafundi ngamanye amaculo abawaziyo. Kungenzeka ukuthi kukhona amanye amaculo ake aculwa lapho ngabafundi.

Bacele ukuthi mababhale phansi amazwi asemaculweni abawaziyo. Lokhu kuba lula uma bengasebenzisana ngamaqoqwana, ukuze babheke ukuthi leli culo liculwa kanjani. Kodwa uma abafundi bezithembile bangazisebenzela babhale amaculo abawaziyo ngabodwana.

Ungathanda ukuthi abafundi babhale amaculo abo bese uwahlanganise wenze ibhuku lamaculo.

1. Imibuzo emayelana nale ncwadi:

a. Lencwadi inamakhasi amangaki?

b. Ubani umdwebi wezithombe ezitholakala kule ncwadi?

c. Ubani umshicileli wale ncwadi?

d. Le ncwadi yashicilelwa ngamuphi unyaka?

e. Mangaki amaculo atholakala kule ncwadi?

f. Yimaphi amaculo aculwayo emphakathini wakini atholakala kule ncwadi?

g. Amanye amaculo akule ncwadi awokushushuzela abantwana. Yiziphi ezinye izinhlobo zamaculo ezitholakala kule ncwadi?

2. Bhala ngamazwi akho:

Khetha iculo elilodwa kule ncwadi, bese ubhala ngamazwi akho ukuthi iculo lithini.

3. Bhala mayelana neculo:

Khetha iculo elilodwa kule ncwadi, bese ubhala indima ngokukhumbula ngaleliculo:

4. Bhala amazwi eculo:

Bhala amazwi eculo elingekho encwadini.

Umndeni wakwaNkosi



Ibhalwe uElda Lyster

Imidwebo uJeff Rankin

1. Zungeza amagama aliqiniso bese ucima lawo angesilo iqiniso kulencwadi:

- a. Lencwadi ikhuluma: ngedolobha / ngomndeni / ngezempilo.
- b. Igama lendoda ekuxoxwa ngayo kulencwadi: uSipho Nene / uBheki Mkhize / uBonga Nkosi.
- c. Ekuqaleni kwencwadi kukhulunywa ngezinto abalingiswa: abazithandayo / abazifisayo / abazifunayo.
- d. Incwadi igcina ngezinto abalingiswa: abazithandayo / abazifisayo / abazifunayo.
- e. Lencwadi ishicilelwe yi: Viva Books / New Readers Publishers / Stimela

2. Ubani umlingiswa ongekho kulohla lomndeni wakwaNkosi?

Bonga Nkosi

MaDube Nkosi

Umama kaBonga

Saneliso Nkosi

Mbali Nkosi

Philile Nkosi

3. Phendula le mibuzo. Izimpendulo kungaba igama lomuntu oyedwa noma ngaphezulu:

- a. Ubani emndenini wakwaNkosi owayengagqoka isiketi esifishane? _____
- b. Ubani emndenini wakwaNkosi owayengagqoka isikhindi? _____
- c. Ubani emndenini wakwaNkosi owayengagqoka udangala? _____
- d. Ubani emndenini wakwaNkosi owayengagqoka ijakhethi kanye nothayi? _____

4. Phendula le mibuzo elandelayo:

- a. Ngubani oneminyaka emibili ubudala? _____
- b. Ngubani osebenza efemini? _____
- c. Ngubani onakekela abantwana bancane? _____
- d. Ngubani ofunda iBanga lesibili? _____
- e. Ngubani odayisa ukudla esiteshini? _____
- f. Ngubani ofuna umsebenzi? _____
- g. Ngubani umama kaPhilile? _____
- h. Ngubani umntwana ongumaqala? _____
- i. Kungabe uhlala kuphi lo mndeni? _____

5. Bheka isithombe esisekhasini 5, bese ugcwalisa lemisho elandelayo:

- a. Kulesi sithombe kunendoda eyodwa. Ibambe _____.
- b. Ibuka _____.

6. Bheka isithombe esisekhasini 5, bese ubhala izindatshana ezimbili:

Lesi sithombe sithathwe endabeni ethi *Umndeni wakwaNkosi*. Kulesi sivivinyo ungacabangi ngaleyo ndaba. Kulesi sivivinyo kumele wenze izindaba ezintsha ezimbili ngalesi sithombe.

- a. Endabeni yokuqala entsha, indoda nguMnumzane Mthimkhulu. UMthimkhulu yindoda empofu. Uholu u-R800 ngenyanga. Ubheje ngayo yonke imali yakhe emahhashini. Kule ndaba uwina u-R3 000. Bhala indaba ngokuthi wenzani ngo-R3 000 uMthimkhulu. (Khumbula ziningi izimpendulo kulo mbuzo. Namuphi umbono onawo ngokuthi indoda ingenzani ngale mali ulungile.)
- b. Endabeni yesibili entsha, indoda nguMnumzane Dumakude. UMnumzane Dumakude akasebenzi. Unkosikazi wakhe wamnika umholo wakhe ukuthi ayokhokhela umashonisa. UDumakude akazange amkhokhele umashonisa. Wabheja ngawo wonke umholo kankosikazi wakhe emjahweni wamahhashi. Wadliwa yonke imali. Waqamba amanga ngokuthi uyilahle kanjani imali. Bhala indaba ngamanga aqanjwa nguDumakude. (Khumbula ayiyodwa impendulo ekuyiyo. Indaba yakho ingaba noma ingamaphi amanga angashiwo uDumakude mayelana nemali).

7. Bheka isithombe esisekhasini 6, bese ugcwalisa umusho:

Esithombeni kunamakhosikazi amabili. Egatsheni kuhlezi

_____.

8. Bheka isithombe esisekhasini 6, bese ubhala indatshana:

Lesi sithombe sithathwe encwadini ethi *Umndeni wakwaNkosi*. Kulesi sivivinyo, ungacabangi ngaleyo endaba. Yenza indaba entsha ngalesi sithombe. Kule ndaba entsha, unkosikazi oyedwa nguMaDuma. Omunye nguMaDlamini. Amadlozi uMaDuma umthumelele inyoni. Le nyoni inomyalezo waMaDuma. Lo myalezo umayelana noMaDlamini. Bhala indaba ngomyalezo o lethwa inyoni kuMaDuma. Khumbula ziningi izimpendulo ekuyizo. Endabeni yakho, inyoni ingaletha noma muphi umyalezo kuMaDuma, kodwa kumele ube mayelana noMaDlamini.

9. Bheka isithombe esisekhasini 7, bese ugcwalisa umusho:

Esithombeni kunonkosikazi oyedwa. U _____, futhi ulalele umsakazo.

10. Bheka isithombe esisekhasini 7, bese ubhala indatshana:

Lesi yisithombe esithathwe endabeni ethi *Umndeni wakwaNkosi*. Kulesi sivivinyo ungacabangi ngaleyo endaba. Yakha eyakho indaba entsha ngalesi sithombe. Kule ndaba entsha, lo wesifazane nguMaJili. Cabanga ukuthi uMaJili uzwa into emsakazweni emthusa kakhulu. Ishintsha impilo yakhe. Bhala indaba ngokuthi uMaJili uzwani emsakazweni. Endabeni yakho, into ayizwayo ingaba yinhle noma ibe yimbi. Ziningi izimpendulo ekuyizo.

11. Bheka isithombe esisekhasini 8, bese ugcwalisa umusho:

Esithombeni kunetshitshi kanye nebhungu. Bayabukana. Bobabili babambe _____.

12. Bheka isithombe esisekhasini 8, bese ubhala indatshana:

Lesi yisithombe esithathwe endabeni ethi *Umndeni wakwaNkosi*. Kulesi sivivinyo, ungacabangi ngaleyo ndaba. Qamba eyakho indaba ngalesi sithombe.

Kule ndaba entsha, itshitshi leli nguLindiwe, kanti ibhungu nguMandla. Baphethe incwadi bobabili. Ucabanga ukuthi yini ebhalwe kulezi zincwadi? Ubani obhale lezi zincwadi? Bhala indaba ngoLindiwe noMandla nezincwadi abaziphethe. Indaba yakho kumele ibe mayelana nezincwadi, kodwa ayikho impendulo ekuyiyo ngokuthi ubani obhale lezi zincwadi, noma yini ebhaliwe kulezi zincwadi.

13. Bheka isithombe esisekhasini 15, bese uphendula umbuzo:

Esithombeni kunowesifazane oyedwa. Umbathe ingubo yokulala. Uma ucabanga, ubukeka ejabule noma ephatheke kabi? Nikeza isizathi sempendulo yakho.

14. Bheka isithombe esisekhasini 15, bese ubhala indatshana:

Lesi sithombe sithathwe endabeni ethi *Umndeni wakwaNkosi*. Kulesi sivivinyo bhala indaba entsha mayelana nalesi sithombe.

Kulendaba entsha, lo wesifazane nguMaNgubane. Ucabanga ukuthi ungumuntu omdala noma omusha? Ngokwakho ucabanga kungani embethe le ngubo? Bhala imisho emihlanu ngoMaNgubane nokuthi kungani embethe le ngubo. Khumbula ukuthi ziningi izimpendulo, kodwa indaba yakho kumele ibe mayelana nesalukazi nengubo yaso ukuze kuhambisane nesithombe.

15. Bheka isithombe ekhasini 22 bese uphendula imibuzo:

Kekezela amagama ayiqiniso ngesithombe. Dweba ngesiphambano amagama angelona iqiniso ngesithombe.

- a. Unkosikazi esithombeni ubukeka ejabule/ edangele / emangele /ediniwe.
- b. Ubuka ukudla okuphekwayo/ izitsha ezingcolile / izinto ezifile.
- c. Ubambe isisu sakhe/ ikhanda lakhe / ubuso bakhe.

16. Bheka isithombe esisekhasini 22, bese ubhala indatshana:

Lesi sithombe sithathwe endabeni ethi *Umndeni wakwaNkosi*. Kulesi sivivinyo, ungacabangi ngaleyo ndaba. Yenza indaba entsha emayelana nalesi sithombe.

Kule ndaba, yetha lo wesifazane igama elisha. Bhala indaba ngokuthi yini abukeke esenkingeni. Khumbula, ziningi izimpendulo, kodwa indaba yakho kumele ibe mayelana nowesifazane osenkingeni ukuze ihambisane nesithombe.

Imilayezo yothisha

Umbuzo 21

Cela abafundi ukuthi babhale indima ngomlingiswa oyedwa osencwadini *Umndeni wakwaNkosi*. Phinde ucele abafundi abababamba ngokushesha abangabhala izindima ngabalingiswa abangaphezu koyedwa noma bonke abalingiswa.

Nasi isibonelo ongasibhala ebhodini khona abafundi bezobona ukuthi kufanele benzeni:

Bonga Nkosi

UNkosi yindoda eyenza umsebenzi wokupakisha. Unentshebe futhi uyabuthanda utshwala. Uyazithandela futhi ukubukela imijaho yamahashi kumabonakude. Ufisa ukuchitha imali yakhe ezintweni azithandayo. Kuyiphupho lakhe ukuba nomuzi omusha. Nokho uzizwa ekhathazekile.

Bhala lokhu ebhodini. Kufunde kanye nabafundi bakho. Bakhombise ukuthi yonke into ekule ndima ivela kanjani encwadini. **Ungabavumeli abafundi bakopele le ndima.** Kuyisibonelo nje kuphela. Kumele babhale izindima zabo ngalaba abanye abantu abasencwadini, kodwa hhayi ngoMnu. Nkosi.

17. Bheka isithombe esisekhasini 24:

Zungeza amagama ayiqiniso esithombeni, bese ucima amagama angelona iqiniso esithombeni.

- a. Owesifazane / umfana/ intombazane/ ikhehla elikulesi sithombe libukeka lijabule /edangele/ emangele/ elangazele/ ediniwe.
- b. Uhamba ebhilidini / emgwaqeni/ eduzane nemizi ethile/ ehlathini.
- c. Phansi ubona udoti /imifino / imali.

18. Bheka isithombe esisekhasini 24, bese ubhala indatshana:

Lesi yisithombe esithathwe endabeni ethi *Umndeni wakwaNkosi*. Kulesi sivivinyo, ungacabangi ngaleyo ndaba. Yenza indaba yakho entsha ngalesi sithombe.

Kule ndaba entsha, yetha umfana igama elisha. Bhala indaba ngokuthi yini eyenzekile ukuthi abukeke edangele kanjena. Khumbula ukuthi ziningi izimpendulo, kodwa indaba yakho kumele ibe mayelana nento eyenzekile kulo mfana ukuze aphaatheke kabi.

19. Bheka isithombe esisekhasini 31:

Zungeza amagama ayiqiniso ngesithombe. Cima amagama angelona iqiniso ngalesi sithombe.

- a. Umfana/ intombazane / ikhehla / isalukazi / ibhungu okulesi sithombe ugqoke izibuko/ umgexo/ isigqoko/ isikhafu/ iduku.
- b. Ubuka efasiteleni/ esithombeni/ esicabheni.

20. Bheka isithombe esisekhasini 31, bese ubhala indatshana:


Lesi yisithombe esithathwe endabeni ethi *Umndeni wakwaNkosi*. Kulesi sivivinyo, ungacabangi ngale ndaba. Bhala indaba yakho entsha ngalesi sithombe.

Endabeni entsha, yisho ukuthi ngubani lo wesifazane nokuthi esani lesi sithombe asibukayo. Bhala indaba ngokuthi lesi sithombe simkhumbuzani. Khumbula ukuthi ziningi izimpendulo, kodwa indaba yakho kumele ibe mayelana nokuthi ukhumbulani lo wesifazane osemdala uma ebuka lesi sithombe.

21. Bhala indima ngomlingiswa oyedwa kulencwadi.

Imali kamalume

ibhalwe nguPhumla Dlamini
imidwebo nguAlan Keatinge



Imilayezo yothisha

Ukubamba iqhaza ikilasini

Cela abafundi bakho ukuba baxoxele ikilasi ngabantu ababaziyo abacebile. Kubaluleke kakhulu ukuba othisha bakhuthaze abafundi ukuba babambe iqhaza ekilasini. Kumele othisha bahole ingxoxo futhi baqiniseke ukuthi bonke abafundi (ngisho nalabo abanamahloni) bayalithola ithuba lokubamba iqhaza engxoxweni. Ungabanikeza nethuba lokuba baxoxe ngalokhu ngamaqoqo. Bese ubacela ukuba babhale izindima ezimbalwa ngezindlela ezahlukene abantu abangazingenisela ngayo imali.

Umalume kaPhumla wathenga amatekisi, umhlaba, izindlu kanye nezitolo ngemali yakhe. Xoxani nabafundi ukuthi kungabe lena kwakuyindlela ephusile yini yokusebenzisa imali yakhe. Cela abafundi ukuba baxoxe ngamaqoqo ukuthi babengayitshala kanjani imali yabo (kunokuba bayisebenzisele) ukuqiniseka ukuthi bayaceba kunokuba babe mpofu.

1. Imibuzo emayelana nale ncwadi:

a. Zingaki izindatshana ezitholakala kule ncwadi?

b. Ubani umbhali wale ncwadi?

c. Indaba ekule ncwadi igcina kuliphi ikhasi?

d. Ubani umdwebi wezithombe ezitholakala kule ncwadi?

e. Ubani umshicileli wale ncwadi?

f. Nikeza inombolo yabashicileli bale ncwadi?

g. Ucabanga ukuthi kungani bebhale inombolo yabo kule ncwadi?

2. Khetha phakathi kwezimpendulo eziningi:

Qedela umusho ngokufaka loluphawu (✓) ebhokisini eliyiqiniso.

a. Indoda ekuxoxwa ngayo

- umalume wakho.
- akumalume wamuntu.
- umalume kaPhumla Dlamini.

b. Indoda ekuxoxwa ngayo

- ayinamali.
- ayinandaba nemali.
- inemali eningi.
- iphisana ngemali.

c. Indoda ekuxoxwa ngayo

- inepulazi.
- inezitolo.
- inamatekisi.
- ineziza.
- inesonto.
- inezindlu eziqashisayo.
- inenkampani yonogada.

(Kulo mbuzo abafundi kumele bakhethe izimpendulo ezingaphezu kweyodwa.)

d. Indoda ekuxoxwa ngayo

- yavakashisa umndeni wayo eGoli.
- yavakashisa umndeni wayo eThekwini.
- yavakashisa umndeni wayo eKapa.
- yavakashisa umndeni wayo eMgababa.

e. Indoda ekuxoxwa ngayo yaya kodaba yabuya

- ingaphethe izinhlanzi.
- nezinhlanzi eziqandisiwe.
- nezinhlanzi ezidotshiwe eziningi.
- namanqina engulube.

f. Indoda ekuxoxwa ngayo yaya kodaba yabuya

- ingasenabhulukwe.
- ingasenamoto.
- ingasenazicathulo.
- ingasenadobo.

g. Indoda ekuxoxwa ngayo yaya kodaba

- ihora lonke.
- isuku lonke.
- imini yonke.
- ubusuku bonke.

h. Kubukeka sengathi le ndoda imali yayiyithola

- ngokusebenza kanzima.
- ngokuntshontsha ezitolo.
- ngokudayisa izinto eziningi ezahlukene.
- ngokweba izimoto.
- ngokubulala abantu ibese ithola imali yomshwalense.
- ngokuphatha kahle amakhasimende akhe.

3. Bhala imisho embalwa uchaze ukuthi ukhetheleni impendulo yakho ngombuzo ongenhla (2h).

4. Funda lesi sigaba bese usiqhathanisa nendaba:

- a. Funda lesi sigaba nomunye umfundi ukuze uthole zonke izindlela ezingasixhumanisi nakancane endabeni ethi *Imali kamalume*.

UPhumla wayesebenzela umalume wakhe owayenamabhizinisi. Okwakukubi ngomalume wakhe ukuthi wayengenaso isandla sokuphatha izisebenzi. Wayengaziphi ukudla futhi engaziniki isikhathi sokuphumula. Langa limbe umalume kaPhumla waya eMgababa. UPhumla wasala ebheke isitolo. Kwakungalolu suku lapho uZondi, unogada, wabulala ngalo umuntu. Amaphoyisa athola incwadi ngaphansi kwesidumbu sale ndoda.

- b. Bhala lesi sigaba ngomdlalo yukuthi uyakukhombisa ukuthi kwenzekalani endabeni *Imali kamalume*.

5. Amagama ashodayo:

- a. Bhala lolu phawu ^ yonke indawo lapho ucabanga ukuthi kunamagama ashodayo kule ndima. Sewenzelwe eyodwa njengesibonelo emushweni wokuqala.

Umalume kaPhumla wayene(nama) ^ (e)zi(ama)ningi. Kodwa ngeke asho ukuthi wa kanjani. UPhumla wayesebenzela u. Ngelinye ilanga waphumuza bonke abasebenzi bakhe. Wahambisa umndeni wakhe e. Ekuseni wathi waye. Ekupheleni kosuku wa nenhlazi eneayisi. U watholakala esebulewe. I thola isicathulo ngaphansi ko(kwe).

Isicathulo sasibukeka lezo ebezigqokiwe. Amaphoyisa futhi athola ukuthi uZondi wabe enomshwayilense we(o). Abantu babelokhu bebuzana.

- b. Bese uyaphinda uyayibhala le ndima uzifakela amagama akho ukuze sibone ukuthi kwenzakalani kulencwadi ethi *Imali kamalume*.

6. Bhala esinye isiphetho salendaba:

Cabanga ukuthi kwakuyokwenzekani uma uZondi owayeshayiwe kuthiwa usefile ngababulali bakhe, wasinda wakwazi nokukhuluma namaphoyisa. Bhala imisho embalwa usho ukuthi ucabanga ukuthi kwakuyokwenzekani.

UMahlase uvakashela edolobheni



ibhalwe nguCedric Xulu
imidwebo nguJeff Rankin

Imilayezo yothisha

Ukuba nomdlandla emfundweni

Abafundi bafunda kangcono uma benomdlandla. Lena yindaba ejabulisayo kanti bangakujabulela ukuyidlala. Ungacela umfundi oyedwa ukuba ayifunde ngenkathi abanye beyidlala, noma ungayifunda kanye nekilasi izikhashana eziningana, bese beyidlala besebenzisa awabo amazwi.

Ukubeka umqondo

Kubalulekile ukuba abafundi baqale babe nemibono yabo ngabakufundayo. Babuze ukuthi bacabanga ukuthi ngubani umlingiswa oqavile nokuthi ungumuntu onjani. Bangabona isibonelo ngakwenzayo, akushoyo noma akucabangayo umlingiswa endabeni. Abafundi kumele bakhuthazwe ukuba banikeze izizathu ngezimpendulo zabo

1. Imibuzo emayelana nale ncwadi:

a. Zingakhi izindatshana ezitholakala kule ncwadi?

b. Ubani umbhali wale ncwadi?

c. Uyithola kuphi incazelo emfushane ekhuluma ngokusencwadini?

d. Ubani umdwebi zithombe kule ncwadi?

e. Obani abashicileli bale ncwadi?

f. Lithini ikheli labashicileli?

2. Gcwalisa amagama ashodayo:

a. Ikhaya likaMahlase lalise _____.

b. Inkosikazi kaMahlase yayaziwa ngokuthi ingu _____.

c. Umcebo kaMahlase wacekelwa phansi i _____.

d. UMahlase wahamba wayofuna umsebenzi e _____.

e. UMahlase wafuna umsebenzi izinsuku ezi _____.

